DRUM (Zulu)
28 Oct 2010
Page : 162 #

IsiZulu for today

Ulimi lwesiZulu lukhulunywa kakhulu futhi lushintsha njalo – manje kungani izichazamazwi zethu zisalele emuva? Thola lesi esisha

UNGUTHISHA. Nangu umfundi uphakamisa isandla ekilasini ebuza ukuthi yiliphi igama elichaza 'i-value' ngesiZulu. Uvula isichazamazwi sakho se-English nesiZulu ubheka incazelo, kodwa umangale ngoba alichaziwe ngesiZulu!

Lena yinkinga othisha nabafundi abaningi bebehlangana nayo, kwaze kwaba ngesikhathi kushicilelwa i-Oxford Zulu/English school dictionary. Isichazamwazi esisanda kushicilelwa, sisibonisa indlela ulimi lushintshe ngayo eminyakeni engama-40 edlule – kwagcina ukucwaningwa isichazamazwi esinjengalesi.

Lesi sichazamazwi esithembekile esinamakhasi angama-640, sigxile kakhulu kuzidingo zasekilasini, ayichazi nje igama elisuka esiNgisini liya esiZulwini, kodwa likunikeze isibonelo somusho nendlela elisetshenziswa ngayo. Isibonelo, igama lesiZulu elichaza i-value ubungako negama. Lesi sichazamazwi asikuniki nje incazelo kodwa sibuye sikunikeze nesibonelo somusho ngesiNgisi, "Find the value of x" kodwa sibuye sikunikeze isibonelo ngesiZulu futhi; "Thola ubungako buka-x"

Lesi sichazamazwi sithengwa ubuthaphuthaphu. Kugayiwe amakhophi ayi-10 000 futhi athunyelwa ezitolo ezihlukene kodwa sekuthengiswe uhhafu walelo nani kusuka ngoMeyi.

Lesi sichazamazwi sisiza abafundi ukuthi bakhethe isihumusho okuyisona futhi sihlukanise amagama ngendlela efanele emishweni, njengomehluko phakathi kwe-"table" kuyibizo ne "table" eyisenzo ("to table a motion in parliament").

Kodwa ingxenye yalesi sichazamazwi ejabulise abahumushi nothisha ngokufanayo, wukunezezelwa kwamagama amasha.

"Ngithole kuyisichazamazwi okulula ukusisebenzisa," kusho uNongcebo Vukile McKenzie, ongumsunguli weKhanyisa Development Trust, inhlangano esebenza ukuletha imfundo ezikoleni ezisezindaweni ezisemakhaya. "Ngithanda indlela amagama ehunyushwe ngayo, abekwa ngokuhlelekile, ayesesetshenziswa emishweni esiNgisini nasesiZulwini ukusiza abafundi baqonde indlela okwakhiwa ngayo imisho nokuhumusha wonke umusho ngendlela eqondile.

"Ibuye ibe namagama asetshenziswa nsuku zonke uma sikhuluma, kunokugxila nje emagameni anzima 'najulile' esiZulu," enezezela.

"Kuyacasula uma unguthisha bese umfundi eletha umsebenzi kuthisha uma umfundi engaqondi okufunwa nguthisha njengoba isichazamazwi sabo singenalo igama lesiZulu elichaza i-cellphone, babhala kanje i-cellphone," kusho uMaria Gumede waseSoweto, ofundisa u-grade eleven eSoweto.

'Kunesikhangiso se-Aids esidlala ku-TV manje futhi uyabona nje ukuthi sihumushwe ngumuntu ongasazi isiZulu, sithi 'Do the right thing' wathi 'Yenza kahle', okungeyona indlela eqondile! Bekufanele ngabe uthe 'Yenza okufanele.'

Ngijabulile ukuthi sinalesi sichazamazwi esisha ngoba sizosiza abantwana bethu bakhulume isiZulu esiqondile."

UMUNTU oyihlanganisile, uNomusa Sibiya, uthi kube wumsebenzi onzima ukuyihlanganisa.

"Sizame ukwenza into ebingakaze yenzi-